# Ukushatshalaliswa kogwayi oshushunjisiwe nongemthetho wenani lika R43-million

**12 kuNhlangulana 2023** – UMnyango weHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo  LwaseNingizimu Afrika (i-SARS) namuhla uqale ukushatshalaliswa kogwayi ongemthetho noshushunjisiwe, wenani lika-R43 million, emngceleni i-Beitbridge.

ISekela Khomishana, uMnu. Johnstone Makhubu, uthe mukhulu umthamo kagwayi ozoshatshalaliswa, usuwonke ungamakesi amakhulu ayizi-2000, noma ogwayi abayi-20 milliom, okusho ukuthi ukushatshalaliswa kogwayi ongemthetho noshushunjisiwe kungase kuthathe izinsuku ezimbalwa.

Ugwayi ongemthetho noshushunjisiwe washaqwa ekusebenzisaneni kwama-ejensi amaningi kanye nemisebenzi ezinikele nesebenzisa ubunhloli njengengxenye yesu logwayi lomnyango weHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni, oholwa yithimba eliphendula ngokushesha likazwelonke i-*National Rapid Response Team*, elivame ukwesekwa Umbutho Kazwelonke Wokuvikela WaseNingizimu Afrika (i-SANDF), uMnyango Wamaphoyisa waseNingizimu Afrika (i-SAPS) kanye nophiko loklebe ama-*Hawks*, kanjalo nomnyango wezokufuduka ongaphansi koMnyango Wezindaba Zasekhaya.

ISekela Khomishana lengeze ngokuthi kokunye okufana nalokhu okwenziwa kuNhlolanja kulo nyaka emngceleni iBeitbridge:

- Kwashaqwa amabhokisi amakhulu esibalo esingu-1211 kagwayi ongemthetho onamagama i-Remington Gold, Chelsea, kanye ne-Royal Express, owawulinganiselwa enanini elingu-R26 million.
- Kwaboshwa abantu abane, kwavulwa amacala obugebengu okushushumbisa ugwayi ongemthetho.
- Amaloli ama-4, iveni elilodwa kanye nogandaganda odonsa inkonyane okwakusetshenziselwe ukuthwala ugwayi ongemthetho, kwaboshwa kungokwenani elevile ku-R3 million.

USARS, kubandakanya noMnyango wawo weHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni, unenhlososu yokukhuthaza ukuthobela ngokuzithandela kubakhokhintela nakubahwebi. Lokhu kusho ukuthi uSARS uphokophele ukwenza kube lula ukuthobela, ukuhlinzeka ngolazi uphinde ufundise ukuze kucace futhi kube nesiqinisekiso, nokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abangafuni ukuthobela imigomo yentela.

“Lokhu kusho ukuthi uSARS akababekezeleli nhlobo abantu noma izinhlangano ezibandakanyeka ebugebengwini bentela noma ekuhwebeni ngokungemthetho nokuthi uSARS ngeke uphele Amandla ngokubalandelela.”

Uhwebo olungemthetho luphuca uhulumeni imali ayidinga kakhulu futhi kubulala izimboni, kubhebhethekisa ukungasebenzi, ububha nokungalingani. Imikhiqizo

engemthetho engeniswa noma ephuma kuleli, kubandakanya izimoto ezingamasekeni, izinkukhu, izingubo zokugqoka, izinto zesikhumba nezindwangu, ingqalasizinda ebalulekile (ithusi nensimbi) kanye negolide phakathi kokunye. Sekusungulwe ithimba elisebenzisanayo lama-ejensi ehlukile (i-IAWG) ukuze libhekane nazo zonke izici zohwebo olungemthetho.

UMqondisi weHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni kanye neNtela Yempahla, uMnu. Beyers Theron, uthe njengengxenye yokuhlela kwabo okubheka isikhathi esizayo, iHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni selinezindlela ezizokwazi ukuhlomulisa labo bahwebi abathobelayo ngokusebenzisa indlela yokugunyaza ebizwa nge-*Accredited Economic Operator model*. Le mihlomulo ibandakanya ukonga ezindlekweni kanye nokusizakala ngokushesha, phakathi kokunye. Ngokufanayo, uSARS umatasa uqalisa ukusetshenziswa kwemingcele e-SMART esebenzisa ubuchwepheshe ukunyusa amandla awo okwazi ukuhlonza nokuphendula lapho kunokungathobeli khona.

“Kusukela ekuqalisweni kophenyo oluhleliwe nolugxilile obelwenziwa yiHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni kule minyaka emithathu eyedlule embonini kagwayi nosikilidi, kuqapheleka ukuthi wenyukile umkhuba wokushushumbisa kweqiswe imingcele kusetshenziswa abantu abathunywayo ababizwa ngama “runners”. Laba akubona abantu abashushumbisa ugwayi ngenhloso yokuthola ithuba lokwenza ibhizinisi kodwa ubugebengu obuhleliwe obuxhaphaza abantu abangasebenzi nabahkwempu ngokubaqasha njengezithunywa zabo ukuze babathwalele izimpahla, imvamisa abasuka kude, bewele imingcele.

“Lezi zithunywa ziphatha okungenani amabhokisi amakhulu amabili kagwayi ongemthetho bawabelethe ngokuhamba ngakunye, bavamise ukuya bephindelela izikhathi eziningi. Labo gwayi babe sebelayishwa emalolini, ezimotweni ezithwala izimpahla ezincane kanye nasematekisini, afike alinde ezindaweni ezigudle umngcele ukuze zisatshalaliswe ziye ezindaweni ezihloselwe zona kumakethe yakuleli,” kusho uMnu. Theron.

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za